basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NOVEMBA 2011

## IMEMORANDAMU

APPROVED: EXTERNAL MODERATORS
MNDAWE I.K. [signature]
MAPHUMULO C.N. [signature]
03 – 12 – 2011

**AMAMAKI: 100**

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2011 -12- 03
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

**Le memorandamu inamakhasi ayisi-9.**

Pheqa ikhasi

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

# ISIQEPHU A: INDABA

**AMAKHODI AMAMAKI**
L = 15
Q = 30
SK = 05
**50**

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi umqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ –ukwehlukanisa amagama
( ) –ukuhlanganisa amagama

## OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle / umusho owesekelayo.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa /ukweluleka / ukuxolisa.

## OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Ohlolwayo makabhale imibono eyiqiniso. Makakhombise ukuthi ungumuntu oqaphelayo ngokubaluleka noma ngokungabaluleki kwemfundo esikhathini samanje. Makaphinde anikeze izizathu zalokho akushoyo. (Amathuba emisebenzi kubantu abafundile;imisebenzi ngokobuhlobo). Makabonakale ethatha isayidi/icala. (Ngiyavuma noma Ngiyaphika)

1.2 Makakhombise imizwa eveza umunyu ngokunyamalala kukamama. Ukubaluleka kukamama ekhaya,imizamo eyenziwe umndeni nabathintekile ukumfuna. Izizathu ezenza ukuba ashiye ikhaya nabantwana. Isimo sempilo ekhaya njengoba umama engasekho.

1.3 Ohlolwayo makube uyaqonda ukuthi abafundi babasebenzisa kanjani omakhalekhukhwini (Indlela efanele/indlela engafanele). Izinto ezenziwa abafundi ezingahambisani nemigomo yesikole/Usizo lukamakhalekhukhwini kubafundi. Nikeza izibonelo lapho kudingeka khona. Ekugcineni makuvele ukuthi ohlolwayo uthathe luphi uhlangothi.

1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyaziqonda izifo ezahlukahlukene uHulumeni akhathazeke ngazo (umdlavuza, isifo sikashukela, ingculazi, isifo sofuba njll.) Izindlela uHulumeni aqwashisa ngazo abantu ngalezi zifo. Ukuphumelela nokungaphumeleli kukaHulumeni ngale mikhankaso.

Pheqa ikhasi

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

1.5 Miningi imisebenzi abafundi abangakhetha kuyona. Mabanike izizathu zokukhetha lo msebenzi Isib. Uthando lomsebenzi, ukweluleka abantu abanhlobonhlobo, amathuba emisebenzi, ukuhambisana kwezifundo nomsebenzi awufisayo, izikhungo zemfundo kanye nemifundaze.

1.6 Makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuthi izikole bezihlonipheke kanjani ngesikhathi esingaphambili. (Zihlonishwa abafundi, othisha nomphakathi) Izinto ezenziwayo ukucekela phansi izikole (ukugqekeza, ukucekelwa phansi kwezinsizakufunda nokufundisa). Ukubuyisa isithunzi sezikole (ukuqashwa kwabaqaphi, ukuvuselela uthando lwezikole zethu).

1.7 Ohlolwayo makakhombise ulwazi olunhlobonhlobo lokuhlukumezana kwabafundi ezikoleni. (Ukushayana, ukugconana, ukuthathelana ukudla, ukuntshontshelana, ukwethukana nokunye) Makakhombise ikhambi lokunqanda lo mkhuba (Ukuyalwa, ukubika kwabaphethe isikole,ukubizwa kwabazali, ukungenelela kwabezenhlalakahle namaphoyisa)

1.8 Makakhombise ukuthi uyawuqonda umlando nokuthuthuka kwezobuchwepheshe nesayensi kuleli. Makakhombise lokhu ngokusebenzisa izibonelo. ( Isib. Kwezokuxhumana: ukuthumela imiyalezo ngomlomo, ukubhala izincwadi, izingcingo, ithelegramu, imisakazo, umakhalekhukhwini).

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

# ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)**

| | | |
|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 1 | **7** |
| Isitayela | (ST) Bullet 2 | **3** |
| Ubude | (U) Bullets 3 | **2** |
| | | **[12]** |

**OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (18)**

| | | |
|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) *Bullets* 1&2 | **7** |
| Imibono | (B) *Bullets* 3 | **3** |
| Uhlaka | (Hl) *Bullets* 4 | **5** |
| Isakhiwo | (Sk) *Bullet* 5 | **3** |
| | | **[18]** |

**AMAKHODI AMAMAKI**

L = 12
Q = <u>18</u>
<u>30</u>

**OKULINDELEKILE**

**2.1 INCWADI YOBUNGANE**

- Ikheli lilodwa- ikheli lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. (12 kuLwezi 2011, 12 kuNovemba 2011, 12 Novemba 2011, 12/11/2011, 12-11-2011, 12.11.2011)
  Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Isib. Mama, MaNzama
- Isingeniso-Umzimba-Isiphetho
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. Isib. Yimina indodakazi/indodana yakho
  uNtombizodwa

**2.2 INKULUMO ELUNGISELELWE**

- Ukubonga ithuba kumqondisi wohlelo/umphathi wohlelo.
- Ukubingelela abantu ngokwezihlalo zabo.
- Ukwethula inkulumo eveza inhloso.
- Ukwethula inkulumo eveza ukuthi uyayazi imisebenzi emihle kaThishomkhulu.
  (Mtuse, umbonge uphinde umfisele ukuphumula okuhle ngesikhathi sakhe somhlalaphansi.)
- Ingaba namancoko kodwa ahambisane nenkulumo yosuku.
- Ukugoqa inkulumo ngokuphinda ubonge

**2.3 INGXOXO**

Ingxoxo phakathi kwengane nomzali/ uNomusa noMaDube.
Makuvele lokhu: bakuphi kunini, bangobani.

- Umlingiswa makalandele ikholoni. Isib. UNomusa:
- Ingxoxo mayikhombise isakhiwo nokukhula (Isingeniso, umzimba nesiphetho)
- Makungasetshenziswa abacaphuni ( " ")
- Inkulumo mayibe inkulumo qho/okhulumayo inkathi yamanje.
- Imizwa yokhulumayo mayivezwe ngamazwi awashoyo hhayi ngokuchaza. Isib UNomusa: Ngiyeke mama! (esho ngokucasuka)

**2.4 AMAMINITHI OMHLANGANO**

Okulindelekile ekubhaleni amaminithi omhlangano:

- Abhalwa ngumuntu wesithathu.
- Kusetshenziswa inkathi edlule.
- Kuxoxiswa wonke amaphuzu abhalwe ku- ajenda
- Qaphela: Makube abahlolwayo basebenzise i-ajenda abanikezwe yona.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (8)**

| | | |
|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 1 | 4 |
| Isitayela nokuhlela | (StHl) Bullets 2 | 2 |
| Ubude | (U) Bullets 3 | 2 |
| | | **[8]** |

**OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (12)**

| | | |
|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) *Bullets* 1&2 | **6** |
| Imibono | (B) *Bullets* 3 | **3** |
| Isakhiwo nohlaka | (SkHl) Bullet 1&4 | **3** |
| | | **[12]** |

**AMAKHODI AMAMAKI**

L = 08
Q = 12
20

**OKULINDELEKILE**

3.1 **IFLAYA (Mayibhalwe ebhokisini)**

- Makusetshenziswe amagama anembayo nolimi oluhehayo.
- Igama lendawo evuliwe yokuhlala. (B&B)
- Indawo ekuyo. (zizosizakala kanjani izivakashi)
- Ezokuphepha.
- Izikhathi zokudla.
- Ikheli kanye nezinombolo zocingo zabantu okumele bathintwe
- Imali ekhokhwayo ngosuku

3.2 **IPHOSIKHADI**

- Linamabhokisi amabil. **Isib.** Elokuqala liveza **ikheli** lobhalelwayo kanye nesitembu/Linebhokisi elilodwa elihlukaniswe kabili .Isib Ingxenye yokuqala iveza ikheli lobhalelwayo kanye nesitembu.
- Elesibili liveza isibingelelo, umyalezo kanye negama lobhalayo.
  Okuqukethwe makube sobala ngoba **iphosikhadi alinayo** inkulumo eyimfihlo.

3.3 **INKOMBANDLELA**

- Ohlolwayo makasebenzise izinkomba azinikeziwe ngokucophelela (A-N).
- Izindlela zokulayela: Isandla sokudla,esokunxele, ukwenyuka, ukwehla, ukujikela esandleni soku…
- Mazibalwe izakhiwo ezizomelekelela ekufinyeleleni lapho eya khona. (amabhilidi, amapaki nemigwaqo)
- Mayibhalwe ngenkathi yamanje, kusetshenziswe umuntu wesibili okukhulunywa naye.

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**